HILLCREST HIGH SCHOOL

UKUHLOLWA KUKANOVEMBA 2013

ISIZULU ULIMI LOKUNGEZELELA

IPHEPHA LOKUQALA (PAPER 1)

ABALUNCELA EBELENI (MOTHER TONGUE)

Grade 11

ISIKHATHI: 2Amhr.

IMIKLOMELO: 80

ISIBONGO:.................................................

IGAMA:..........................................

MNIKISONGO LAKHE !!!!!!!!

# *QAPHELA UFUNDE !!!*

*IMIYALELO KUMFUNDI*

- ***FUNDISISA LONKE*** *iphepha ngaphambi kukuqala ukubhala.*
- ***MUSA*** *ukuxova izinombolo zemibuzo.*
- *Sebenzisa isiZulu esivumelekile.*
- *Bhala umsebenzi* ***OHLANZEKILE.***
- *Sebenzisa* ***UBHALOMAGAMA*** *oluvumelekile.*
- ***HLUKANISA*** *kahle* ***ISIKHATHI*** *umbuzo ngamunye ukuze uqede kahle.*
- *Qala isiqephu ngasinye ekhasini* ***ELISHA***
- ***FUNDISISA*** *iphepha lakho uma uqeda ukubhala.*

ISIQEPHU A

1. Fundisisa indatshana elandelayo bese uphendula imibuzo ngemisho EPHELELE.



U-ADVOCATE Sonwabile Mancotywa emukelisa umsunguli wamaSatma uMnuz Dumsani Goba ngeGolden Shield, nonina uNkk Mamdima Goba

# Kuhlonishwe owamaSatma

**SIZWE BLOSE noMDU NCALANE**

UMKHANDLU kazwelonke wamagugu iNational Heritage Council (NHC) ihloniphe ngokusesikweni layo umsunguli wamaSouth African Traditional Music Achievement (Satma) Awards uMnuz Dumisani Goba.

Isikhulu esiphezulu se-NHC u-Adv Sonwabile Mancotywa sithe amaSatma yiwona kuphela akwazi ukudidiyela izinhlanga ezehlukene zakuleli endaweni eyodwa zigubhe okungamagugu kuzona ngaphandle kokuphazamisana. Sikusho lokhu ngoMgqibelo esidlweni sasemini sokuhlonipha uGoba ebesise-East London ngaphambi kokuba kuqale umcimbi omkhulu wemiklomelo. Lo mcimbi ubuyingxenye yoxhaxha lwemicimbi ebiyendlalela amaSatma alo nyaka.

"Ihawu legolide sihlonipha ngalo umuntu kumbe abantu abakhuthalele ukuqhakambisa amagugu akuleli. Ngaphandle kwaleli hawu kunophondo lweKudu esingakwazanga ukuza nalo kodwa esiphinde sihlonipha ngalo uDumisani Goba. Ngibe nenhlanhla yokumazi uMageza esawasungula amaSatma ngalibona ilukuluku analo nentshisekelo yalento ayiqalayo esinkulu kangaka manje," kusho uMancotywa.

"Sasingakhetha ukumhlonipha ngonyaka wesibili ngoba sase sibona vele ukuthi uwakhuthalele amagugu akuleli kodwa sathi ake silinde sibone iminyaka elandelayo. Manje wunyaka wesishiyagalombili futhi siyabona ukuthi kuyiwa kude."

UDumsani Goba (36) ebuzwa ukuthi uzizwa enjani ngalo mklomelo obizwa ngeGolden Shield, uthe ujabule kakhulu. "Empeleni injabulo yami ihambisana nokwethuka ngoba bengingalindele lutho. Le ndondo ingenze ngabona ukuthi iNingizimu Afrika kumele ngiyisebenzele ngaphezu kwalokhu, lo mklomelo akusiwona owami ngedwa kepha owesizwe sonke," kusho uGoba obezwakala ukuthi ujabule kakhulu.

Ube esephonsela abantu abasha inselelo yokuthi bafunde kulokhu okwenzeke kuyena, nabo basukume bazibambe. "Imfihlo yempumelelo ukuzithoba, ukuhlonipha, ukulalela nokusebenza kanzima. Umama nogogo wami bangifundisa ukuthi ngizithobe, konke engikwenzayo nengikufisayo ngingakhohlwa ukukhuleka kuJehova ukuze konke kungihambele kahle," kuchaza uGoba.

Uthe uyaqala ngqa ukuhlonishwa yisikhungo sikazwelonke, yena wagcina ukuhlonishwa eNdwedwe ngakubo, eRobben Island nase-USA.

Ukhuthaze abantu abasha ukuthi bawathande futhi bawagcine amasiko, ethi asikho isizwe esiphumelelayo singawagcini amasiko aso.

1.1 Yini eyenziwe umkhandlu kazwelonke? (1)

1.2 Kulesi siqephu umuntu owaqhamuka nalo mbono weSatma kwakuyini injongo yakhe ezweni lonke? (2)

1.3 Ngokwakho ukubona yini engaba igugu lesizwe ngesizwe esingathanda ukuyiqhakambisa emcimbini onjengalona? Bhala okukodwa. (1)

1.4 Bekudingeke ngani ngokubona kwakho ukuthi uGoba aze ahlonishwe ngomcimbi walolu hlobo? Bhala UNGADLULI emgqeni emibili. (2)

1.5 Uma ubona yini eyenza kukhethwe ukusebenzisa ihawu uma kuhlonishwa abantu kulo mkhakha? (2)

1.6 U-Advocate Mncontywa umbizelani uGoba ngokuthi uMageza? (1)

1.7 Bhala uchaze ukuthi amagama alandelayo asetshenziswe ukuchaza ukuthini endabeni.

1.7.1 ukundlalela (2)

1.7.2 ukusungula (2)

1.8 Ukwazisa nokuhlonipha indlela akhuliswe ngayo uGoba ikona okumbeke la ekhona namuhla. Vumela noma uphikise lo mbono ubhekise kokufunde endabeni. (2)

1.9 UGoba uyalincoma negalelo likababa wakhe ekukhulisweni kwakhe. Vuma noma uphikise lo mbono bese usekela. (2)

1.10 Indawo yaseNdwedwe iseduze kwaliphi idolobha kulawa abhalwe lapha ngenzansi.

1.10.1 i-Verulam

1.10.2 i-Stanger

1.10.3 iTheku (1)

1.11 Uma kuthiwa lolu hlobo lomcimbi kufanele ulufake phansi koMnyango kahulumeni ungakhetha muphi kule elandelayo:

1.11.1 UMnyango wezeMfundo

1.11.2 UMnyango wezaMaciko naMasiko

1.11.3 UMnyango kahulumeni wezaseKhaya (1)

1.12 Umuntu obizwa nge-Advocate usuke efunde wagogoda:

1.12.1 kwezamasiko

1.12.2 kwezomthetho

1.12.3 kwezomculo (1)

[20]

2. Fundisisa indatshana elapha ngenzansi bese uphendula imibuzo ngemisho EPHELELE.

# Ibhange lizoxhasa osomabhizinisi abasafufusa

**BONISWA MOHALE**

BAZOTHOLA usizo e-Absa abantu akade beyingxenye yohlelo lweNyuvesi yaKwaZulu-Natal lokusungula amabhizinisi emahoreni angu-54 olubizwa nge-Start-Up.

Lezi zindaba zidalulwe nguSolwazi Shahida Cassim ophethe isikole samabhizinisi e-UKZN emuva kokuqokwa kwamathimba angu-20 anamasu ebhizinisi abonakala ezokwenza imali.

USolwazi Cassim utshele osomabhizinisi abasathuthuka nezingane zesikole ezikhethwe ukuba yingxenye yala mathimba ukuthi amabhizinisi awawiswa wukungabi bikho kwemali kodwa awa ngenxa yokuthi abantu bawasungula bengenalo uthando lwalowo mkhakha abasuke bengene kuwo.

"Ngiyazi ukuthi abaningi bahlale bekhala ngokuthi ukungabi bikho kwemali yoxhaso nokuvaleka kwezimakethe kwenza amabhizinisi abo afadabale kodwa mina ngithi ukusungula ibhizinisi ungenalo uthando yikhona okukuwisayo.

Uma unothando uzokwazi ukumelana nezinguquko ezibakhona emkhakheni wakho," kusho uSolwazi Cassim.

Uthe uhlelo lwabo lwenzelwa ukuthi bande osomabhizinisi eThekwini naKwaZulu-Natal kwazise ucwaningo lukhomba ukuthi ababaningi osomabhizinisi kulesi sifundazwe.

"Wonke amabhizinisi akhona namhlanje azobhekwa ngabakwa-Absa babheke ukuthi aqhuba kahle yini. Sithole izicelo ebantwini abangu-135, sibe sesibahlanganisa bakha amaqoqo angu-20 okuyiwona azobhekwa ukuthi aqhuba kanjani," kusho uCassim.

Ugqugquzele abantu ukuba bacabange amasu ahlukile ebhizinisini.



**LABA ngabanye babafana akade beyingxenye yohlelo olugqugquzela abantu ukuba basungule amabhizinisi olubizwa nge-Start-Ups. Kusukela kwesokunxele, UMnuz Yandisa Beja, Mnuz Mbuso Zondi, Mnuz Rudolph Ngema, Mnuz Aphelele Beja noSolwazi Shahida Cassim ongemuva** Isithombe: DOCTOR NGCOBO

2.1 Luqondene nani usizo okukhulunywa ngalo lapha? (1)

2.2 Kungani kubonakala ukuthi luyadingeka lolu hlobo lwalolu sizo? (1)

2.3 Igama lesiNgisi okuqanjwe ngalo lo mkhankaso ligqugquzela ukuthini? (2)

2.4 Uma ucabanga i-ABSA iqonde ukukhuthaza muphi umcabango kubantu abasha ngalo mkhankaso? (2)

2.5 Isimo senkulumo esithi, " Inkunzi isematholeni", ngokwakho sihambelana kanjani nalokho okukhulunywa ngakho kule ndatshana? (2)

2.6 Lilungiselwa kanjani ikusasa kwezamabhizinisi ngalolu hlobo lwesimo senkulumo? (1)

2.7 Ngaphandle kothando lwebhizinisi oliqalile wena ngokwakho ubona ukuthi yini enye ebalulekile ekubeni libe impumelelo? (2)

2.8 Ukuba wena ubungenela lo mkhankaso, iluphi uhlobo lwebhizinisi obungalivula? Chaza ukuthi yini ebingenza ukhethe lolo hlobo. (2)

2,9 Bhala elinye igama elisho okufanayo negama ngalinye kulawa angenzansi.

- Fadabala

2,9 Bhala elinye igama elisho okufanayo negama ngalinye kulawa angenzansi.

- Fadabala
- Xhasa

(2)

[15]

## ISIQEPHU B

1. Funda indatshana elandelayo bese uyifingqa ngamagama ANGADLULILE kwangama-30.

# Wancengwa abangani ngesicelo somsakazo



UMAKHOSI Maphumulo uthi ungene ngenxa yabangani bakhe emsakazweni

**SIZWE BLOSE**

USEWOLE inqwaba yezindondo ongene emsakazweni ngenxa yokugqugquzelwa abangani bakhe yena engasiboni isidingo.

UMakhosi Maphumulo (28) ongumsakazi weKhwezi FM, etholakala ku-94.5 kuyaku-107, uthi akakakholwa ukuthi uyena lo owenza uhlelo lwasekuseni olubizwa ngokuthi *Sekusile Okungaliyo Breakfast*.

"Ngikhumbula ukuthi ngesikhathi abangani bami bengincenga bethi angihambise isicelo, mina bengingayiboni yonke leyonto yokuba umsakazi. Uma uphuma emakhaya uba nokuzenyeza kangangoba ngangizibona njengomfundi wezindaba kuphela," kusho uMakhosi ozwakala njengomuntu ohlezi ejabulile.

Uthe lwaze lwagoba uphondo kuyena lugotshiswa ngabangani bakhe, wasithumela isicelo kodwa abaphathi bamtshela ukuthi asikho isikhala somsakazi ngisho nesomfundi wezindaba sasingabonwa, esikhona kwakungesomuntu omukela izivakashi.

UMakhosi uthi wawuthatha lo msebenzi, wachaza abantu abaningi njengoba ayehlezi emamatheka ezamukela kahle nezivakashi.

Uthe sigcine sivelile isikhala wagcina engenile esenohlelo lwakhe.

Uthi selokhu engenile emsakazweni ngo-2007 usenezindondo ezinhlanu azitholile kanti ebaluleke kakhulu kuyena eye-MTN Radio Award.

Uthe uyaziqhenya ngokusebenzela iKhwezi FM eselibe semoyeni iminyaka engu-18 nalo liyazibuthela izindondo.

UMakhosi uthe uzalelwe eNkandla wakhulela khona kanti uqede uMatric eMaphuthu High.

"Ngingumuntu okholiwe, ngisukile eNkandla ngemisebenzi yebandla ngaya KwaSizabantu, KwaMaphumulo nokuyilapho engafica khona iKhwezi FM," kusho uMakhosi esimthole esemoyeni, uhlelo lwakhe luqala ngo-7 luphume u-10.

Uphinde waveza ukuthi izingane eziningi zibukela kuyena njengoba ebuye enze uhlelo olubizwa nge*Kids On Air*, uveze ukuthi nomsakazi woKhozi FM uSiwe Cele uphuma ezandleni zakhe.

UMakhosi uthe ushade noJesu nje kuphela.

Uma ezihlalele nabangani bakhe bathanda ukulalela isicathamiya nomculo wokholo.

Uveze ukuthi akahlangani nezidakamizwa futhi ufisa intsha idlalele kude nezidakamizwa.

UMakhosi, ongumlandeli wokuqina weMamelodi Sundowns, uthe yize ekuthokozela ukuba kwiKhwezi FM kodwa uyafisa ukuthi ngelinye ilanga asebenze kweminye yemisakazo emikhulu.

Le ntokazi ithe izifela ngoMroza Buthelezi woKhozi FM njengoba naye ephuma emakhaya.

Ushiye iseluleko sokuthi abantu kumele bazazi ukuthi baphuma kuphi, bayaphi, bafunani ngempilo yabo.

[10]

## ISIQEPHU C

1. Lungisa amaphutha atholakala kulesi siqeshana esilapha ngenzansi ngobhalomagama oluvumelekile. Bhala igama elingalungile neselilungisiwe KUPHELA.

   Kukhona abantu abaphuma ezifundazweni 1.1 **eziwu-25** abazongela umncintiswano ozobe wenzelwe 1.2 **kumgwago** odumile eThekwini. Kuthiwa uzoba 1.3 **ngomhlaka** 23 ehholo lomphakathi. Kuzongenwa 1.4 **mahala** wonke umuntu.

(4)

2. Buka isithombe esilandelayo bese uxoxa ngalokho okubona kwenzeka kuso usebenzisa izingcezu zenkulumo ezilandelayo. DWEBELA ucezu lwenkulumo emshweni ngamunye.




2.1 Ibizo lesigaba 1a
2.2 Isabizwana sokukhomba buqama
2.3 Isandiso sesimo
2.4 Isibaluli ngesiqu sesenzo –phumelela.

(4)

3. Sebenzisa izingcezu zenkulumo ozinikeziwe ukwakha amabizombaxa anomqondo ophelele bese wakha imisho yakho ngawo. Umusho ungabi namagama angaphansi kwayisihlanu. DWEBELA ibizo emshweni ngamunye.

3.1 Ibizo + Ongumnini

3.2 Isenzo + Isenzo

(4)

4. Isakhi u"-kazi" singasebenza ukuveza ubungako bento okukhulunywa ngayo noma ubulili. Bhala imisho emibili ozakhele yona wena lapho uveze khona lo mehluko.

(4)

5. Isenzo iyona ndlela esikhomba ngayo inkathi emshweni yethu. Bhala imisho yakho eveza lezi zinkathi ezihlukene ngamagama angekho ngaphansi kwamahlanu emshweni ngamunye.

5.1 Inkathi esanda kudlula
5.2 Inkathi ezayo ukuphika
5.3 Inkathi eyadlula ukuphika
5.4 Inkathi yamanje eqhubekayo

(4)

6, Buka isithombe esilandelayo bese wakha imisho yakho lapho usebenzise khona izihlanganiso ozinikezwe lapha ngenzansi.

..........................................................................

Ukuze, anduba, nanxa, noma, qede

..........................................................................



(4)

7. Guqula amagama adwetshelwe emshweni elandelayo ukuze aveze uhlobo lwesibanjalo esibhalwe ezikokeleni.

7.1 Umlando wesizwe ubalulekile esizukulwaneni. (Ibizo)
7.2 Abantwana bayazi ukuthi uyise owabasebenzela kanzima. (Isabizwana soqobo)

(2)

8. Sebenzisa izakhi zempambosi ozinikeziwe ukwakha amagama akuleyo mpambosi ozowasebenzisa emshweni yakho.

8.1 - isa
8.2 - ana

(2)

9. Gcwalisa isenzukuthi esifanele emshweni elandelayo. Bhala isenzukuthi KUPHELA.

9.1 Uhlezi phansi wenebe......... ocansini.
9.2 Uluphule ngedolo waluthi........ ukhuni.

(2)

10. Bhala imisho elandelayo usuyifake izifengqo ozinikwe ezikokeleni ukuze izwakale kahle

10.1 UThabani kuyaziwa ukuthi ucula kahle. (Isingathekiso esisakuphika)
10.2 Wayekade ephuza emcimbini womemulo wakwamakhelwane uDalisu. (Ukuhlonipha)

(2)

11. Bhala igama elilodwa esikhundleni samaningi adwetshelwe emshweni.

11.1 Umkhulu uthi babephatha inyama eluhlaza eyomiswe ngelanga bayenze umphako.
11.2 Ithanga elibondelwe ngempuphu limnandi nobisi.
11.3 Ibamnandi kakhulu inyama ebilisiwe bese idliwa ibanda.

(3)

ISAMBA 80